## SIQEPHU A: INDABA

## QAPHELA:

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

## IRUBHRIKHI YOKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO**<br><br>(Izimpendulo kanye nemibono)<br>Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo<br>Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI ANGAMA-30** | **Ingxenye engenhla** | **28–30** | **22–24** | **16–18** | **10–12** | **4–6** |
| | | -Impendulo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo yakheke kahle impela<br>-Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo eyenelisayo<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni<br>-Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana. | -Impendulo enhlanhlathayo<br>-Imibono edidayo nenganembi<br>-Akuzwakali kunophindaphinda<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana. |
| | **Ingxenye engezansi** | **25–27** | **19–21** | **13–15** | **7–9** | **0–3** |
| | | -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono ehambisanayo nendaba.<br>-Ihleleke kahle kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho. | -Impendulo engashayi emhlolweni<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho. | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene. |

## IRUBHRIKHI YOKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi.<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | **Ingxenye engenhla** | **14–15**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo<br>-Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba. | **11–12**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle kakhulu. | **8–9**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni<br>-Ithoni ifanelekile<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe. | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi<br>-Ithoni nephimbo akugculisi<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe. | **0–3**<br>-Ulimi aluqondakali<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda. |
| | **Ingxenye engezansi** | **13**<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba. | **10**<br>-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle. | **7**<br>-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa<br>-Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo. | **4**<br>-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo. | |
| **ISAKHIWO**<br><br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho.<br><br>**AMAMAKI AYISI-5** | | **5**<br>-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu. | **4**<br>-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba<br>-Ukucacisa okuhle,<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile. | **3**<br>-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle<br>-I-eseyi isenawo umqondo. | **2**<br>-Amaphuzu ambalwa azwakalayo<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha. | **0–1**<br>-Amaphuzu awatholakali<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi ayinamqondo. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | | **43–50** | **33–40** | **23–30** | **13–20** | **0–10** |

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**
SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
AP – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi mqondo.
ISIV. – isivumelwano esingahambisani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho / kunophawu olungekho.
GN – igama elingcono.
NQ – nqamula amagama ngendlela engafanelekile ekugcineni komugqa.
⊂⊃ – ukuhlanganisa amagama
/ – hlukanisa amagama
√ - ulimi oluhle

**AMAKHODI AMAMAKI**

| | |
|---|---|
| Q | = 30 |
| L | = 15 |
| SK | = 05 |
| | **50** |

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obukhombisa ukuthi indaba iyethulwa/iyangeniswa.
- Umzimba:
  - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
  - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  - (i) Siyisigaba esisodwa.
  - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

**1.1** Ohlolwayo makaqikelele ukuthi indaba yakhe igcina ngala mazwi; … Hawu, kanti uwe lo! Indaba ingaveza uhlangothi oluhle. Lapha kumele kube umuntu owenzela umuntu/abantu izinto ezinhle kepha engafuni ukuba asheshe abonakale. Uma kuwuhlangothi olungeluhle, kumele kuvele ukuthi lo muntu ubenza ./izinto ezihlukumezayo kepha abantu bengacabangi ukuthi kungaba umuntu abamaziyo. Makagcine ngokuvela ekugcineni **njll.**

1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yesaga. Incazelo yesaga; Dedela umuntu oyaziyo into kube nguye oyenzayo. Makaveze endabeni ukwexwayisa ukuthi abantu abangajahi ukwenza izinto abangazazi. Kuhle ukuthi abantu banikeze ithuba labo bantu abakwaziyo ukwenza into, bese abanye befunda kulabo bantu. Ohlolwayo angazisebenzisa izibonelo lapho kudingeka khona ukwesekela amaphuzu.

1.3 Ohlolwayo makachaze ubuhlakani obenziwe umuntu thizeni obukhombisa ukuthi kuningi akufundile emaphutheni abanye abantu kulowo muntu. Akuvele ubuhlakani bokucubungula lawo maphutha, bese echaza izintuba yena achushe ngazo.

1.4 Ohlolwayo makakhethe uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukugxeka noma ukuncoma isitatimende esinikeziwe embuzweni: **Isib**.

Ukuncoma: Ohlolwayo makaveze izibonelo ezinhle ezingalethwa ukusatshalaliswa kwamajazi omkhwenyana ezikoleni, **isib**. ukuvimbela ukukhulelwa kwabafundi, ukuvikela izifo ezithathelanayo **njll.**

Ukugxeka: Ohlolwayo makaveze izibonelo ezingezinhle ezingadalwa yileli khwelo, **isib.** Ukuba abafundi basheshe baye ocansini besebancane ngoba bethembe la majazi, ukuphela kobuntombi kanye nokuziphatha okungemukelekile **njll**.

1.5 Ohlolwayo makabonakale ethinta zombili izinhlangothi ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo. **Isib.**

Ubuhle: Ukuthuthuka kolwazi kwezobuchwepheshe kothisha kanye nakubafundi. Ukongeka kwesikhathi. Ukukhulisa intshisekelo yokufunda kubafundi. Ukuncipha komsebenzi obhalwa ngesandla **njll**.

Ububi: Ukwanda kobugebengu ngoba abantu befuna ukuzicebisa ngalobu buchwepheshe. Abanye abafundi bangasebenzisa lobu buchwepheshe ngendlela engamukelekile. Abanye abafundi bangalibala ukuxoxa nabangani babo ngesikhathi sokufunda esingafanele besebenzisa bona lobu buchwepheshe. Siyancipha isikhathi sokuba umfundi abonane nothisha ubuso nobuso **njll**.

1.6 1.6.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. **Isib.** Masinakekele Imvelo! Indaba ingakhombisa ukugququzela abantu ngokubaluleka kokunakekela imvelo nokwakha ubudlelwano phakathi kwabantu nezilwane ezingamagugu kuleli **njll**.

1.6.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. **Isib.** Libunjwa Liseva/Ziqhenye Ngezwe Lakho. Indaba ingakhuluma ngezwe laseNingizimu Afrika kubhekwe ubuhle obutholakale emva kwenkululeko. Indaba ingafundisa izingane ezisencane ukuba zithande izwe lazo. Ingakhuluma ngokubaluleka kwemfundo izingane zisesemazingeni aphansi **njll**.

1.6.3 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. **Isib.** sesihloko: Indlela Eya Empumelelweni Iwumqansa **njll**. Indaba mayiveze ukuthi ukuze umuntu aphumelele kumele asebenze kanzima.

## ISIQEPHU B: IMIBHALO YOKUDLULISA IMIYALEZO

## IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO KANYE NEFOMATHI**<br><br>Impendulo kanye nemibono.<br>Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo.<br>Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo.<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | **13–15**<br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobe kulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile necacile. | **10–12**<br>-Impendulo enhle ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Kunamathele esihlokweni<br>-Kunamaphushana<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanele enamaphushana. | **7–9**<br>-Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni<br>- Inamaphutha ambalwa<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa. | **4–6**<br>-Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile. | **0–3**<br>-Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu<br>-Imibono ayilandelani sanhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi. |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama<br>Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi.<br><br>**AMAMAKI AYI-10** | **9–10**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha sanhlobo. | **7–8**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Akunamaphutha. | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso ngokusendimeni, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo. | **3–4**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo awusalandeleki kahle. | **0–2**<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu. |
| **UKWABIWA KWAMAMAKI** | **22–25** | **17–20** | **12–15** | **7–10** | **0–5** |

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO NESAKHIWO (15)**
**ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)**

**AMAKHODI AMAMAKI**
Q = 15
L .= 10

**25**

**OKULINDELEKILE**

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isib. (15 kuMasingana 2016/15 Januwari 2016)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Mngani wami/Sipho/Nokuthula (ungamgagula ngegama noma ngesidlaliso)
- Isigaba sokuqala ungaqalisa kanje: Ngiyathemba …, Ngiyaxolisa …, Ngabonga …
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi: ukumhalalisela kanye nokumyala ngethuba alitholile.
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi.
- Ohlolwayo makasebenzise ulimi nerejista efanele.
- Valelisa ukhombise ukumazi lowo ombhalelayo. Isib. Yimina umngani wakho
  uSnegugu

2.2 **ISIBUYEKEZO**

- Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo, isib.
    - Igama lenkampani : KwaCoca-Cola
    - Usuku lomcimbi kanye nendawo
    - Umcimbi ubumayelana nani
    - Imininingwano yalabo ebebenzelwa umcimbi
    - Umcimbi ngamafuphi
    - Ukuveza okuhle kanye nokungekuhle okwenzeke emcimbini
- Isiphetho sesibuyekezo masiveze uvo lwakho mayelana nokwenzeke emcimbini.

2.3 **UMLANDO KAMUFI**

- Isihloko: Isibonelo sesihloko:
  Umlando KaThobani Bhekizizwe Xulu
- Isigaba sokuqala:
  - Usuku azalwa ngalo, usuku asishiye ngalo
  - Amagama abazali bakhe (ukuveza ukuba abazali basaphila noma cha)
  - Indawo azalelwe kuyo
- Isigaba sesibili:
  - Izikole afunde kuzona (amabanga aphansi, aphakeme naphakathi nendawo)
  - Izinto ayedume ngazo esikoleni/iqhaza ayelibambile emdlalweni enhlobonhlobo esikoleni
- Isigaba sesithathu:
  - Iqhaza lakhe emphakathini
  - Izindawo asebenze kuzo
  - Iqhaza lakhe ekuthuthukiseni isiko lokufunda nokufundisa kulesi sikole abeyilunga lesigungu kuso
  - Ukuhlabana kwakhe okwahlukahlukene (uma kukhona)
- Isigaba sesine:
  - Abashiyile emhlabeni
- Isiphetho makukhonjiswe ukuthi usuyaphethwa umlando kamufi. Ungasebenzisa la magama isib:
  LALA NGOKUTHULA GXABHASHE!

2.4 **INCWADI YEPHEPHANDABA**

- Ikheli lobhalayo elinosuku.
- Ikheli lephephandaba elikhombisa igama lephephandaba kanye nesikhundla sobhalelwayo, Isib. Mhleli.
- Ukubingelela uMhleli, Isib. Mnu./Nkk./Nksz.
- Isihloko sengqikithi obhala ngayo: Incwadi Yokukhalaza Ngezindaba Ezingakhi Umphakathi Ezikhishwa Iphephandaba.
- Isingeniso: ukuzethula makuvele ukuthi ungubani kanye nesizathu esenza ukuba ubhale incwadi. Yethula ingqikithi yodaba
- Umzimba wencwadi: ukuhlala odabeni. (Kumele ungakhohlwa ukugxeka ngokwakha.)
- Isiphetho: ukuphetha ngesizotha. Isib. Ngiyojabula uma ngabe izikhalazo zami ziyonikezwa ithuba lokuba zicutshungulwe.
- Ukuvalelisa. Isib. Yimina ozithobayo
  uNomfundo Zuma (Nkk./Nksz.)
  (ukusayina)

2.5 **UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

- Isibonelo sesihloko: Umbiko Omayelana Nokuhlukunyezwa Komunye Wabafundi Ngesikhathi Senhlabakhefu.
- Isingeniso: Umbiko omayelana nokuhlukunyezwa komfundi wethulelwa umphathi wesikhungo.
- Ohlolwayo makabhale amaphuzu ngokulandelana kwezigameko zalokho akubonile okumayelana nokuhlukunyezwa komfundi. (Obani? Kungani? Nini? Yini? Kanjani?)
- Sebenzisa:
    - Inkathi edlule
    - Amabizo ajwayelekile
    - Umuntu wesithathu
    - Nikeza incazelo yokwenzeke ngempela
    - Amagama nemishwana efanelekile ehambisana nesimo okhuluma ngaso
    - Ulimi olunezimiso, olungenabo ubungani

2.6 **INKULUMO MPENDULWANO**

- Isibonelo sesihloko: Inkulumo Mpendulwano Phakathi KukaMnu. Zondi Kanye NoMnu. Ziqubu
- Isethulo: Isib*. (kusekuseni ngeSonto uMnu. Zondi oyilunga lomphakathi uhambele iKhansela uMnu. Ziqubu ehhovisi lalo, baxoxa ngenkinga yokunqamuka kukagesi osekuphazamise umphakathi.)*
- Bhala okushiwo yisikhulumi njengoba kunjalo, uveze imibono yaso ngqo. **Isib.**
  uZiqubu/uMnu. Ziqubu:
  uZondi/uMnu. Zondi :
- Sebenzisa umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha
- Ungabasebenzisi abacaphuni enkulumeni yezikhulumi
- Ayingabibikho inkulumo efakwa kubakaki echaza imizwa yesikhulumi.
- Yakha isithombe somqondo esikhombisa isimo sokuzoxoxwa ngakho ngaphambi kokuba ubhale
- Kubalulekile ukuba usebenzise izimpawu zokuloba ngendlela efanelekile
- Ingxoxo kumele ibe nesingeniso, umzimba kanye nesiphetho (Kubonakale ukukhula kwayo). Qikelela ukusheshe ungene engqikithini yenkulumo mpendulwano.